**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI KASIYAZENZEALA EMSUNDUZI MHLAKA 10 MARCH 2008**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Enye yezinselelo ezinkulu esilokhu sibhekene nazo kusukela singene kwintando yeningi ngukuntuleka kwemisebenzi.

- Engqungqutheleni yenqubomgomo ka-2002, i-ANC yanquma ukuthi kumele kube nokusabalaliswa kwemisebenzi eyenziwa ngabantu ngezandla ukuze kudaleke amathuba emisebenzi futhi kuncishiswe igebe lokushoda kwengqalasizinda ezindaweni ezazincishwe amathuba phambilini. Kwabe sekuzalwa i-Expanded Public Works Programme (EPWP).

- Ngonyaka ka-2004, uhulumeni wazibophezela ngokwakha amathuba emisebenzi ayisigidi ngalolu hlelo lwe-EPWP, okuyimizamo yokuvala igebe phakathi komnotho okhulayo nesibalo esikhulu sabantu abangenawo amakhono nabaswele imisebenzi abangakwazi ukuba yingxenye yothuthuka komnotho.

- ? Namhlanje sethula ngokomthetho iSiyazenzela Programme eMsunduzi, okuwuhlelo oluhlose ukulwa nobubha lube lugqugquzela ukuhlanzeka kwendawo esihlala kuyona singumphakathi. Lolu uhlelo oluthathelwe eCuritiba – Brazil, lwaziwa nge 'mfucuza engeyona imfucuza' *'garbage that is not garbage programme'*, lapho imindeni iletha udoti ukuze ithole amaphasela okudla.

- ? Sekungokwesibili sethula lolu hlelo njengoba siluqale kumasipala waseHibiscus Coast ngonyaka odlule. Inhloso yethu ngukuthi lusabalale komasipala bonke esifundazweni. Konke lokhu sikwenzela ukuqinisa impi ebhekene nedlala.

- ? Akungabazeki ukuthi uHulumeni waseKhaya, okuyiwona obhekene ngqo nezidingo, uzokuba nesandla esikhulu ekulweni nobubha nokuntuleka kwemisebenzi. Indlela yokuqhuba i-EPWP iqhakambisa kakhulu ukuthi laziwe iqhaza okumele libanjwe nguhulumeni ezingeni lesifundazwe nelikamasipala.

- ? Indlela yokusebenza iveza uhlelo olulandelwayo, oluhambisana nokuphatha ngokubambisana, okuyinto okumele uMnyango nomasipala abathintekayo bayisebenzise ukufeza imigomo kahulumeni yokuqeda ububha nokuhlanganisa imisebenzi yezidingo zomphakathi nokuletha intuthuko.

- ? Lokhu kwenziwa nguhulumeni okhethe ukusebenza nazo zonke izakhamuzi, ngaphandle kokubheka ubuqembu bepolitiki. Nguhulumeni oholwa ngabantu, ongowabantu kuphela, ohlale uqinisekisa ngale ndlela ukuthi izimpilo zabantu ziyashintsha zibe ngcono.

- Njengoba siletha lo msebenzi kule ndawo namhlanje, sisaqinisekisa ukuzibophezela kwethu ukwenza umehluko ezimpilweni zabantu bakithi kuwo wonke amagumbi esifundazwe saKwaZulu-Natal.

- Sesivele siyayibona imihlomulo yentando yeningi kusukela ngo-1994. Siyawubona umnotho ukhula, noma ngabe kuza kancane.

- Ngokunjalo umasipala waseMsunduzi uzothatha lo msebenzi esiwulethayo namhlanje uwuqhube ngendlela ezothuthukisa izimpilo zemiphakathi engaphansi kwawo.

- Njengamanje, bangu-50 asebeqokelwe ukuthi bangene okumanje baphezu kwezinhlelo zokusayina izivumelwano zenyanga eyadwa zokusebenza. Laba bahlanganisa abesimame abangu-37, intsha engu-25 nabanye abangu-13.

- Sengiphetha, siyazi sonke ukuthi kule nyanga sesilahlekelwe ngabantu abaningi kanjani emigwaqeni yethu esifundazweni. Angithandi-ke ukulokhu ngigagula izibalo zezingozi nabashonile kuze kube manje. Vele akuzona izinombolo ezifayo kodwa ngabantu abafayo emigwaqeni.

- Njengoba sibheke ePhasikeni, nginxusa yonke imiphakathi ukuthi ibambe iqhaza ekusabalaliseni umyalezo wokuphepha emgwaqeni. Sonke kumele sisebenze ngokungakhathali ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba indawo ephephile kubantu bonke nokuthi.

**Ngiyabonga.**